## Nina nangingenisa

"Nganginguмfokazi, nangingenisa."

NgokukaMathewu 25:35c

Kulezi zinsuku izifiki nababaleki abafuna indawo ephephile yokuhlala sebejwayelekile ukubonakala eNingizimu Afrika. Babhekana nokulahlekelwa, ukungathandwa kanye nodlame olubhekiswe kubona. Kepha iBhayibheli likhuluma kakhulu ngabantu abahluphekayo nabangenamakhaya.

## Sonke singabafokazi nezihambi

Bengazamukeliswanga izithembiso, kepha bezibonile, bezithakazele zikude, bevumile ukuthi bangabafokazi nezihambi emhlabeni.

KumaHeberu 11:13b

Kepha manje balangazelela elihle kunalelo, okungukuthi elasezulwini.

KumaHeberu 11:16a

Uhambo lwethu luqala ku-Adamu no-Eva bekhishwa eparadesi noma ensimini yase-Edene baqala impilo entsha endaweni entsha.

UJehova uNkulunkulu wammukisa ensimini yase-Edene ukuba alime umhlabathi athathwe kuwo.

UGenesise 3:23

U-Abrama uyabizwa ukuba aphume e-Uri ukuze ayohlala ezweni elisha.

UJehova wathi ku-Abrama: "Phuma ezweni lakini, nasezihlotsheni zakho, nasendlini kayihlo, uye ezweni engiyakukukhombisa lona."

UGenesise 12:1b

Uhambo luqhubeka luze lufike kuJosefa edayiselwa eGibithe. Emva kweminyaka engama-400 isizukulwane sakhe sidabula ihlane size siyongena ezweni elisha lapho sikhunjuzwa khona ngobufokazi baso.

"Ubaba wayengumAramu ozulayo, wehlela eGibithe, wagogobala khona nabantu abayingcosana; waba yisizwe khona, esikhulu, nesinamandla, nesiningi."

UDuteronomi 26:5b

## UJesu wabe engumfokazi

Emva kwamakhulu eminyaka, uJesu iNkosi yethu, yathatha uhambo olubalulekile isuka ezulwini yeza emhlabeni, kepha ayizange yemukelwe kahle.
Walahlwa ngabalandeli bakhe futhi wabethelwa ngabantu bakhe.

UJesu wayesethi kuye: "Izimpungushe zinemigodi, nezinyoni zezulu zinezidleke, kepha iNdodana yomuntu kayinandawo, lapho ingacamelisa khona ikhanda."

NgokukaMathewu 8:20

Bamlahla bonke ngokuthi ufanele ukufa.

NgokukaMarku 14:64b

## Lisifundisani iBhayibheli ngokuphathwa kwabantu bokufika kanye nababaleki?

Ethestamenteni Elidala kanye Nelisha sifunda ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu wezizwe zonke. IBhayibheli likhuluma kakhulu ngobulungiswa nangokunakekelwa kwabokufika kanti likhuluma kakhulu futhi ngabantu abangafunwa. Umthetho kaNkulunkulu uthi:

"Uma umfokazi egogobele kuwe ezweni lakini, aniyikumhlupha. Umfokazi ogogobeleyo kini uyakuba kini njengowokuzalwa ekhaya phakathi kwenu, umthande njengalokhu uzithanda wena, ngokuba naningabafokazi ezweni laseGibithe; nginguJehova uNkulunkulu wenu."

ULevitikusi 19:33-34

# Akukho lutho olungasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu

UMphostoli uPawulu uyasiqinisekisa ngothando lukaNkulunkulu noma ngabe sehlelwa yini.
UMoya kaNkulunkulu uyasiduduza usiqinise.

Kepha kukho konke lokho siyanqoba nokunqoba ngowasithandayo.
KwabaseRoma 8:37

UNkulunkulu uthembisa ukukhulula wonke umuntu ongumfokazi emhlabeni.

UNkulunkulu uyisiphephelo sethu
namandla ethu;
ufunyaniswa elusizo impela
ekuhluphekeni.
AmaHubo 46:1

Kepha uJehova unami
njengeqhawe elesabisayo;
ngalokho abangizingelayo
bayakukhubeka,
bangangahluli;
bayakuba namahloni kakhulu,
ngokuba abenzanga
ngokuhlakanipha,
nehlazo labo eliphakade
aliyikukhohlakala.
UJeremiya 20:11

Kusihlwa kungena ukukhala,
ekuseni ukujabula.
AmaHubo 30:5b

***Wonke amavesi acashunwe eBhayibhelini lesiZulu lango 1959/1997.**

Ishicilelwe yasatshalaliswa
yi-Bible Society of South Africa.
**www.biblesociety.co.za**

BibleSA.co.za
BibleSA
Bibles and audio Bibles are available on the **BibleSA app.**